CAPS

maskew miller learning



IBANGA 2

IQOQO LEMIBHALO

# Platinum

## Isisekelo Solimi

N Mtshali • N Shandu-Khenisa • T Shabalala

EXTRACT PAGES

Platinum Isisekelo Solimi Ibanga 2 Iqoqo Lemibhalo

Maskew Miller Learning (Pty) Ltd
10 Freedom Way, Milnerton, Cape Town, 7441

© Maskew Miller Learning (Pty) Ltd 2025

Wonke amalungelo agodliwe. Ayikho ingxenye yalolushicilelo efanele yenziwe kabusha, ilondwe endaweni enokutholakala kuyo lula, noma idluliselwe phambili ngolunye uhlobo noma ngenye indlela ye-elekthronikhi, kusetshenziswa imishini, ngokwenza amakhophi, ngokuqoshwa, noma ngezinye izindlela, ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi yalowo onamalungelo alokho okushicilelwe.

Ukuthola imvume yokushicilela noma ukusebenzisa ingxenye yalencwadi, xhumana neqembu lamaLu[illegible] nezimvume kule nombolo 021 532 6000 noma uthumele i-imeyili ku: rightsgranting@mml.co.za. [illegible]ubika abaphula umthetho welungelomnikazi sicela uthumele umyalezo ku: copyright@mml.co.za.

Ishicilelwe ngowezi: 2025

ISBN: 978-1-834-95426-4
ePDF ISBN: 978-1-834-97862-8

Umshicileli ngu: Sphindile Mthethwa
Umhleli ophethe ngu: Nomcebo Mabuza
Ihlelwe ngu: Mnu. Mdluli
Ikhava yencwadi yahlelwa yi: MML Visual Design
Umdwebo kwikhava yencwadi ngu:
Incwadi idizayinwe u: MML Visual Design
Umdwebo ngu: MML Visual Design, CeekerArts
Ukuhlelwa kokuthayipha ngu: MML Visual Design
Igaywe abakwa:

EXTRACT PAGES

# Okuqukethwe


## ITHEMU-1

**Umbhalo Woku-1:**
Mina nabangani bami siyadayisa . . . . . . . . 1

**Umbhalo Wesi-2: Iqoqo lamaculo nezinkondlo**
Mina Ngimuhle. . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 9
Siyahaya: Ngingubani na? . . . . . . . . . . . . 10
Ingoma: Simunye. . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 11
Ilungelo *(thina silwela amalungelo tune)* . . 12
Siyabingelela . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 13
Siyahaya: Esikoleni . . . . . . . . . . . . . . . . . 14

**Umbhalo Wesi-3:**
Woza sibe ngabangani. . . . . . . . . . . . . . . . 16

**Umbhalo Wesi-4:**
Siyanakekela . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 22

**Umbhalo Wesi-5:**
Isibuko Sezimanga. . . . . . . . . . . . . . . . . . 27

## ITHEMU-2

**Umbhalo We-11:**
Labisha itekisi. . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 69

**Umbhalo We-12:**
ULelo noGwajo. . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 75

**Umbhalo We-13:**
Indaba: Ungubani [illegible]! . . . . . . . . . 81

**Umbhalo We-14:**
Gandaganda . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 87
Vum Vu[illegible] . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 88
Izimpawu zomgwaqo! . . . . . . . . . . . . . . . 89
Hl[illegible]na [illegible]mpawu zomgwaqo! . . . . . 90
Iz[illegible]ni zihamba kancane. . . . . . . . . . . 91
Imithetho yomgwaqo . . . . . . . . . . . . . . . 92

**Umbhalo We-15:**
UMsweli uvikela izingane zakhe . . . . . 94

## ITHEMU-3

**Umbhalo Wesi-6:**
Asithande Imvelo . . . . . . . . . . . . . . . . . . 34

**Umbhalo Wesi-7:**
Ihlongandlebe lentombazana . . . . . . . . . . . 41

**Umbhalo Wesi-8: Iqoqo lezinkondlo**
Ngiyazibuza . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 47
Okukhalela phezulu kungumsindo. . . . . . . 48
Ngithi cha! . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 49
Umhlabathi osiphilisayo . . . . . . . . . . . . . . 50
Asigweme ukunukubezeka kwamanzi. . . . 51
Ukukhanya okudlulele . . . . . . . . . . . . . . . 52

**Umbhalo Wesi-9:**
Usuku lokuzalwa lukaSangweni . . . . . . . . . 54

**Umbhalo We-10:**
Imvelo yinhle . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 61

## ITHEMU-4

**Umbhalo We-16: Iqoqo lezinkondlo**
Nansi inombolo yami. . . . . . . . . . . . . . 101
Ubaba ungumlimi. . . . . . . . . . . . . . . . . 102
Kuzoba nani wedokotela? . . . . . . . . . . 103
Phezulu kwelenyoni . . . . . . . . . . . . . . . 104
Weee, Weee ngakhala kakhulu!. . . . . 105
Ngingumvikeli wezwe lethu . . . . . . . . . 106

**Umbhalo We-17:**
Mhla umhlaba usambethe ingubo. . . 108

**Umbhalo We-18:**
Izihambeli zaphesheya . . . . . . . . . . . . 115

**Umbhalo We-19:**
Umakholwangokubona . . . . . . . . . . . . 122

**Umbhalo Wama-20:**
UZalindwe ubonga uthisha wakhe . . 130


EXTRACT PAGES

EXTRACT PAGES

# Mina nabangani bami siyadayisa

## Imibuzo ngaphambi kokulalela nokukhuluma

1. Obani abathanda ukudayisa? Uke wadayisani?
2. Kusiza ngani ukudayisa? Yini inzuzo? Wayithola yini ngokudayisa?

Elokishini elidumile kunabangani abathathu: uJabu, uNcami, noNqobile. Babenesifiso sokuyovakashela esiqiwini saseMgungundlovu. Babesacabanga ukuthi kanje bazokwenzenjani ukuthola imali eyanele ukuze uhambo lwabo lube yimpumelelo na. UJabu unethalente lokudweba, uNqobile uthanda ukubhaka, kanti uNcami unethalente lezinombolo, ukubala izinto zakhe. Baqhamuka neqhinga lokudayisa amakhekhe ngaphandle kwakubo kaJabu ukuze baqongelele imali yokuhamba baye esiqiwini. Baqala babhaka amakhekhe ayizinhlobonhlobo bafaka nokhilimu abamibalala benza nezinhlobonhlobo zamakhekhe ezihlala esiphundu besizwa nawusisi omdala kaJabu. UJabu waqhamuka nomqondo wokuthi kumele babhale ebhodini elizosho ukuthi ikhekhe libiza malini, nelishoyo ukuthi badayisaini. UNcami noNqobile babeqhubeka bebhaka amakhekhe befaka nokhilimu onemibala ekhangayo ngalenkathi uJabu edweba.

EXTRACT PAGES



Abangani basizana, kwakhona ababhakayo ngenkathi abanye benza ibhodi lokukhangisa. Sashaya isikhathi sokuqala ukuthengisa. Kusemini yantambama abantu abaningi sebebuya emadolobheni nezingane zigcwele izitaladi zelokishi. UJabu udwebe wahlobisa ibhodi elikhulu elithi “Indali yamakhekhe!” ngemibala ekhanyayo wase elithatha eyoligxumeka emnyango. Abanye balungise izindwangu kanye namatafula abazothengisela kuwo netenjana elizoba wumpheme basebenzele phansi kwalo kwazise phela libalele.



Ngemuva kwesikhashana uNcami noNqobile babuyela ekhishini ngokushesha ukuze baqedele kahle konke. Mahle impela la makhekhe, kukhona ayizindilinga, angonxantathu; amanye amakhekhe abukeka enziwe ngobukhulu ubuciko lobu. Yaqala-ke indali yamakhekhe abantu abadlula ngendlela bakhangwa yilobu buhle nephunga elimnandi.

EXTRACT PAGES

Abantu bayaqala ukufika bezothenga befuna nokuzibonela leli phunga elibadonsa bele kude. UJabu uthokozisa amakhasimende ngokuwatshengisa imidwebo yakhe emihle ayeyenza uma echitha isizungu. UNqobile uwanikeza isiphuzo selemonedi yamahhala, efaka izinkomishi ezinhle zikapulastiki ezinemibala. Kumnandi kunomoya wokuzwana phakathi kwabathengisi nabathengi.  UJabu ubukeka ethokozile ebona inzuzo yomsebenzi wakhe. Umphakathi ujabule uthenga amakhekhe ngamabili nangaphezulu. “Amnandi impela enla esiphundu.” kusho omunye umama. Bayajabula abangani ukubona izithelo zemisebenzi yabo. Bayaziqhenya ngokubambisana kwabo.

EXTRACT PAGES





EXTRACT PAGES

Njengoba usuku luqhubela, uJabu uyabona ukuthi amakhekhe aseyaphela. “Baf'wethu, ngicela nilande amanye amakhekhe.” UNcami noNqobile ngokushesha babuyele ekhishini bebona ukuthi mancane kakhulu amakhekhe asele. Batshela uJabu, baphindela phakathi ekhishini beyolekelela usisi kaJabu ukwenza amanye amakhekhe. Bazama ukuphuthuma ukuze baqhubeke futhi nokusiza emnyango ngoba umthamo wabantu uyakhula. Sebeqedile; babuyela emuva, ukudayisa kwaqhubeka kahle abantu balokhu befikile bethenga amakhekhe alezi zingane. Bazimisele ukufeza iphupho labo lokuya esiqiwini beyofunda kabanzi ngezilwane ezinhlanu ezidumile.  Phela banomsebenzi wesikole wokucwaninga babhale ngabakufundile.

Ekupheleni kosuku, bathengise wonke amakhekhe abo futhi bajabule ngoba namakhasimende ayabancoma ngamakhekhe abo amnandi kakhulu. Babala imali eba ningi kakhulu. Babona sekuyicebo elihle lokuba baqhubeke nokudayisa nangamanye amalanga ukuze benze imali baziqalele okusabhizinisi. Enye imali babona ukuthi abayithathe bayifake ebhange ukuze baqhubeke nebhizinisi labo elincane lokubhaka. Bazothenga ngayo izithako zokubhaka. Bajabuliswa ukubona ukuthi abekade bekufisa kuzokwenzeka ngenxa yokubambisana, ukulalelana nokuhloniphana. Baphokophelele ukuya esiqiwini ukuyokwazi kabanzi ngalezi zilwane ezinhlanu ezidumile kanye lezinye. Laba bangani sebehlezi bekhuluma behlela kahle uhambo lwabo abalubonayo ukuthi luzoba yimpumelelo emangalisayo.



EXTRACT PAGES



EXTRACT PAGES

Njengoba sekuwusuku olulandela olokudayisa, abangani bavuka ekuseni ngovivi ngoba bebalele bengalele. Bayazilungiselela, bayahamba baya esiqiwini begcwele injabulo. “Bheka izilwane ezinkulu lapha mugadini, kukhona izindlovu, amabhubesi, nezinye.” sekusho uJabu. Abangani bajabule kakhulu, babuka izilwane ezinkulu zihamba phambi kwabo. Bona bahamba ngemoto yakhona la esiqiwini evikelekile kubavakashi ukuze baphephe ezilwaneni ezingingozi.
Uhambo lwabo luhle kakhulu. Lolu suku luzoba yisikhumbuzo esiyingqayizivele kulaba bantwana. Le moto ibavumela ukuba babuke izilwane ezisefweni ngaphandle kokuphazamiseka. UJabu, uNcami, noNqobile bathokozile impela, injabulo ibhalwe ebusweni. Bajabulela ukufunda kabanzi ngezilwane ezinhlanu ezidumile nezindlela zokuphila kwazo. Bayazincoma impela onkabi ngokukhetha ukuvakashela esiqiwini nokuthatha isinqumo esihle. Babongana ngokusebenza ngokubambisana.

## Imibuzo ngemuva kokulalela nokukhuluma

*Ngenkathi ekusiza umuntu omdala ubhaka, phendula imibuzo elandelayo:*

1. Abangani okokhulunywa ngabo la babefisa ukwenzani?
2. Wena wawungenzani ukuthola imali?
3. Laba bangani babehlakaniphile noma cha? Chaza.
4. Yini eyabangela abantu bomphakathi bathenga amakhekhe alaba bangani?
5. Xoxani ngababili ukuthi ningaqala elani ibhizinisi uma ninikwa ithuba.
6. **Ukubhala**
   Yakhani iphosta lokukhombisa izinto enizozidayisa nifundele ikilasi.

EXTRACT PAGES

## Umsebenzi wasekhaya

## Imibuzo ngaphambi kokwenza

*Ngenkathi ekusiza umuntu omdala ubhaka, phendula imibuzo elandelayo:*

1. Nizophakani? Isiphi isinyathelo sokuqala asenzayo?
2. Uma ucabanga kungani eqala ngokubasa isitofu?
3. Bala izithako azisebenzisayo.
4. Chaza indlela yokwenza amaskoni.
5. Ikuphi okunye angakufaka ukwenza amakhekhe abe mnandi. Uma ucabanga kuyaphoqa yini ukuthi azifake lezi zithako? Sekela impendulo yakho.

## Iresiphi yokwenza amaskoni



500g imajarini
4 amaqanda
5 izinkomishi zikafulawa wamakhekhe
5 amathisipuni esikhukhumalisi (ubhekhingiphawoda)
1 inkomishi yamasi
1 inkomishi kashukela
usawoti omncane

### Indlela yokwenza

Beka isitofu sakho kumazinga awu-[illegible]°C

1. Sefa ufulawa, usawoti noshukela. [illegible]uhlanganise ndawonye
2. Faka imajarini phakathi u[illegible]gitube ngezandla ize inhlama ibe lula
3. Shaya amaqanda e[illegible]eleni, uhlanganise namasi nobisi.
4. Kuhlanganise k[illegible]nenhlama kancane kancane ize inhlama i[illegible]ga[illegible]li eminweni yakho.
5. Bhuquza u[illegible]a etafuleni bese ubeka inhlama, uyiging[illegible]kahle bese usika amakhekhe. Ungasika ngengilazi noma okokusika amaskoni.
6. Be[illegible]askoni esitsheni sokubhaka esigcotshiwe. Bhaka imizuzu yi-15.

*Ungafaka i-esensi yevanila, ekalamula, amareyizini noma ukhukhunathi uma uthanda.*

### Ukubhala

Sika izithako emaphephandabeni, emabhukwini endali ezitolo ezingamasuphamakethe unamathisele eshadini lakho.

EXTRACT PAGES

# Iqoqo lamaculo nezinkondlo

## Imibuzo ngaphambi kokulalela nokukhuluma

1. Ake nisho imilolozelo eniyaziyo.
2. Niyayithanda yini imilolozelo? Ishoni ukuthi niyithandelani?

## Mina Ngimuhle

Mina ngimuhle, mina ngimuhle,
Ngiyafunda, ngiyadweba, ngiyadansa,
Ngivuka ekuseni,
Ngiy' esikoleni,
Mina ngimuhle.

Ngibhala izinkondlo,
Ngizivocavoce, ngizilungisa,
Ngihlala ngijabule,
Ngiyazithokozisa,
Ngimuhle, mina ngimuhle.

Ngifunda izincwadi,
Ngiyazihlonipha,
Ngithanda abangani bami
Ngimuhle, mina ngimuhle.
Ngiyazithokozisa,
Ngithokozisa umndeni,
Ngimuhle, mina ngimuhle.



EXTRACT PAGES

## Siyahaya: Ngingubani na?

Ngiyazazi ukuthi ngingubani.
NginguMzulu,
Ngikhuluma isiZulu,
Ngihlala KwaZulu,
Ngithanda inkolo yaKwaZulu,
Ngihlonipha isiko,
Ngibambelela emasikweni ahambisana
nobuzwe bami.

Ngiyazifela ngosikompilo lwakithi,
Ngiyazazi izimpande zami, ngiyazazisa.
Ngiyazigqaja ngefagugu lamasiko
nemigubho yethu.
Ngiyabahlonipha abadala nabancane,
Ngiyabahlonipha okhokho besizwe sami,
Ngiyazazi ngingubani.



EXTRACT PAGES



EXTRACT PAGES

## Ingoma: Simunye

Mina, nawe, simunye, siyathandana,
(isoprano) Siyazwana.
Singamathe nolimi
Siphila kamnandi x2

Ikhorasi:
Singehlukaniswa lutho, siyakhuthazana,
Siphila impilo enothando.
Siyaxhasana, siyakwazi ukufunda omunye
komunye.
Sizonqoba (memeza)

Mina nawe simunye, simunye ngenhliziyo
Simunye ngokubambisana ukwenza impilo yethu
Neyabanye iqhakaze,
Songoba simunye x2



## Ilungelo (thina silwela amalungelo)

Sinamalungelo,
Ilungelo lami ukuba nekhaya,

Ilungelo lethu ukuvikelwa,
Sinamalungelo
Ilungelo lethu ukufunda
Ilungelo lokukhuluma
Ilungelo lokuba nesithunzi,
Sinelungelo lokuthola amathuba alinganayo,
Sinamalungelo
Ilungelo lokuphila kahle,
Ilungelo lokukhula ngokukhululeka,
Siyazigqaja ngamalungelo ethu,
Kumele siphile ngokuthula noxolo,
Ngaphandle kokwesatshiswa,
Siyazithokozisa ngamalungelo ethu,
Siyafunda, siyakhula,
Sifuna ukuthuthukiswa,
Siyahlanganyela, sizinikele ngamandla,
Siyazithokozisa ngamalungelo ethu,
Yebo, sinamalungelo.

EXTRACT PAGES

Sawubona

## Siyabingelela

Sawubona, Lumela, Dumela,
Jambo, Ola, Helo, Goie mor, Hello
Siyakhuluma siyathetha, ubukwitikwiti kunjeya kumnandi
EMzansi izwe lentando yeningi
Kodwa siyazana kumnandi,
Yimina nawe mngani wami,
Siyahlangana, sazane
Sihamba ndawonye,
Ngiyabonga, ngizokwazisa,
Siyabingelelana ngothando.

Ngiyabingelela, sihlangane,
Ngothando sifundisana ngemvelaphi yethu
Ungifundisa ukuxhensa
Nami ngikufundisa ingoma
Kuhle kuqale ekubingelelaneni
Manje siyisizwe esisodwa esakhiwe
Izinhlanga eziningi ezingafani
I-Rainbow Nation

Asihloniphane sazisane
Singabezwe elilodwa
Noma singakhuluma izilimi ezingefani kodwa
Singama-Afrika

Dumela

Hello

Ola

Lumela

Helo

Goie mor

Jambo

EXTRACT PAGES

## Siyahaya: Esikoleni



Simi ndawonye esikoleni,
Siyangena, siyacula,
siyathandaza
Isikole lesi
Bheka sifake umfaniswano
wethu omuhle
Singabandawonye yini?
Yebo sesingumndeni
Siyafunda, sifundiswe,
Ngizwana nawe, uyazwana nami, siyazwana
sonke.

Sifunda izifundo, sizilungise,
Ngabanye sinamandla, iba nesibindi,
Siyabambisana ukwenza umsebenzi wesikole
Sihlala ngamaqoqo, siyabaleka kuya le nale.

Izandla zehla ziyenyuka
Sibuza imibuzo; nangu nothishelakazi
Usejuluke umanzi nje
Esikhisa amawolintshi abuye
Athi: “Izinyoni ezinhlanu”
Saze samnandi isikole we ma!



Sekuyisikhathi sokuhlolwa
Siyaqala sigethuka kodwa
Siyakwazi konke
esikufundisiwe
Uyehla umoya
Sonke sijabulele imiphumela
yethu mihle
Sihamba phambili esikoleni,
Phambili nesikole, phambili.

EXTRACT PAGES

## Imibuzo ngemuva kokulalela nokukhuluma

1. Ake usho amagama amabili aphindaphindekile ekuqaleni komusho womlolozelo othi Mina.
2. Kusho ukuthini ukuthi: Ngimuhle ngiwuphuma langa sikothe?
3. Kungani intombazane ithi inhle yona?
4. Iziphi izinto ezinhle ezichaza wena?
5. **Ukubhala**

   Masibhale: Sika izingalo nemilenze ukunamathisele endaweni efanele. Faka umbala esithombeni. Ukhumbule ukudweba ubuso.

**Abavule ikhasi lesi-5 Incwadi yokusebenzela yakwa-DBE.**

EXTRACT PAGES

# Woza sibe ngabangani

## Imibuzo ngaphambi kokulalela nokukhuluma

1. Sonke siyathanda ukuba nabangani abaqotho beqiniso. Umbona kanjani umngani weqiniso?
2. Ngubani umngani wakho weqiniso? Seninesikhathi esingakanani ningabangani?
3. Yini oyithanda kakhulu ngomngani wakho?

Suku lumbe abangani bahlela ipikiniki epaki. Ngesikhathi bebeka ingubo yokulala enemibala emihle nezinye izinto ababeziphethe njengobhasikidi wezithelo, babona umfana othile baqaphela ukuthi uhleli yedwa. URavi, umfanyana oneminyaka eyisikhombisa, wayencike ebhentshini eliseduze. URavi ubukeka enesizungu nomzwangedwa engeyona ingxenye yezingane ezazidlala epaki imidlalo eyahlukahlukene. USam wathi: “Nangu umfana ehlezi yedwa ebukeka enesithukuthezi. Kasimbizeni azohlala adlale nathi.” Abangani bavuma ngokushesha baya kuye. Bambuza ukuthi angakuthanda yini ukujoyina ipikiniki adlale nabo imidlalo ababeyilungisele ukuzodlala. Wavumela phezulu ebona izingane ezikhombisa uthando kuye nezibukeka zingamxwayi. Ngaleso sikhathi bahamba naye bamsiza ukuthatha izinto zakhe ayeziphethe.



EXTRACT PAGES



Umndeni kaRavi wawusanda kufika kule ndawo yaseMancekane bevela eNkomazi, eMpumalanga. Ubaba kaRavi wayethole umsebenzi omusha kwenye yezinkampani ezazakhele leli lokishi elibizwa ngeTronox. URavi wayesebenzisa izinduku ukuhamba ngenxa yokuzalwa engakwazi ukusebenzisa isingezansi sakhe, ikakhulukazi uhlangothi lwangakwesokunxele. Wayengakabi nabo-ke abangani, kanti izingane ezingomakhelwane bakhe zazibukeka njengezingane ezangamemukeli kahle.  Laba bangani bamamukela ngemfudumalo, bamqinisekisa ukuthi konke kuzohamba kahle. “Siyakwamukela eMancekane, le ndawo inokuthula nenjabulo nobungani,”  kusho uSara. UMia yena waqinisekisa uRavi ukuthi uzokwazi ukubamba iqhaza kuzo zonke izinto azithandayo nabo bakwazi ukumsiza lapho edinga khona usizo. Bonke bakhuluma ngezindlela zokwenza kube lula ukuthi uRavi azizwe esekhaya futhi evikelekile. Uhleko lwaluqhuma phezulu beqhubeka nendlela yabo beyohlala phansi engutsheni yabo enhle.

EXTRACT PAGES

USam wethula abangani bonke kuRavi, bamsingatha bamtshela-ke konke ngeqoqo labo labangani nokuthi bazigcina kanjani bengabantwana abathandekayo nabawusizo emphakathini wangakubo. “Sizocobelelana ngokuningi Ravi nawe, uma kukhona othanda ukuba sikufunde noma sikwazi ngawe siyojabula uma usifundisa.” kusho uSam. “Kungenzeka ukuthi ngesinye isikhathi singaboni ngaso linye, lokho akusho ukuthi kuxatshenwe, komele sihlale phansi sikulungise.” Sekusho uMia. “Uqinisile lapho Mia, okoniwe ngomlomo kulungiswa ngawo.” UMia wengeza ngokuthi uRavi unelungelo lokuba umdlali munye nabangani, futhi uzomfundisa ukusebenzisa ulimi lwezimpawu ngoba uyabona ukuthi uma ekhuluma ubuye angamuzwa ukuthi uthini. “Kulungile Mia, kodwa-ke uLia uzengitolikela kahle, ngiyabonga.” sekuphendula uRav. “Sizama ukuthi wonke umuntu azizwe ekhululekile, ilungelo lakhe linganyathelwa phansi,” uMia eqhubeka nokuchaza nanokuthi bazoba nezinye izinto ezifana nemidlalo edlalwayo noma ezinokozelwa kakhulu abantu abangezwa kahle nabangakwazi ukukhuluma, lokho okuzokwenza kube lula ukuthi uRavi azizwe eyingxenye yeqoqo labo labangani.

EXTRACT PAGES





ULeo wayesethi, “Yimani ngilungise kahle inqola ngemuva ukuze uRavi akwazi ukugibela ibhayisikili lami.” Phela wonke umuntu unelungelo lokujabula nokudlala. “Ngizokwenza konke okusemandleni ukuhlinzekela izidingo zokuvikeleka kukaRavi uma egibele ngemuva ebhayisikilini lami.” Abangani bahlola inqola, beqinisekisa ukuthi ihleli kahle futhi ilungele ukuthi uRavi agibele angalimali. Bagibela kubeshintshana; lapho-ke uRavi wayejabule efile esekhohliwe nakukuthi usebenzisa izinduku. Abangani abasha bamenze wazibona naye ngempela efana nabanye nelungelo lakhe lokudlala lihlonishwa. Bathatha ikhefu bayohlala phansi. ULisa wayesethi kubo, “Nginekhono lokuthunga nokukhrosha; le ngubo enemibalala esihlezi kuyo ngayenza ngalezi zandla ngisizwa yibo abangani bami laba. Nawe uma uthanda ungasiza ngokusigoqela iwuli yethu uma senza noma uyofaka imihlobiso enamatheliswayo. Njengoba nje ngoJulayi kuzoba nesikhumbuzo sosuku lokuzalwa kweqhawe lomzabalazo, thina sifisa ukwenza ubhulankethi omuhle sinikele ngawo kubantwana abahlala ekhaya lezintandane. Ungathanda ukusijoyina kulokho Ravi?” “Yebo!” Kusho uRavi evumela phezulu kuhlekwa kushayanwa izandla.

Besahleli kanjalo bephana izithelo, uSam uveza imidwebo yakhe emikhulu ehlukahlukene. Le midwebo ibonisa izindawo ezinhle, izilwane, nezinto ezahlukahlukene ezijabulisayo. "Nakhu mina engidume ngakho-ke Ravi. Sonke lapha siyafundisana Ravi, uma unothando ngikhona ukunifundisa." URavi akaze ajabule kanjena empilweni yakhe. "Ngicela ukunifundisa nje kancane ukuthi uthini uma ubingelela noma ubonga usebenzisa ulimi lwezimpawu" kusho u-Mia ekhombisa  uRavi izimpawu ezilula zokuxhumana.



EXTRACT PAGES

"Nansi indlela yokukhuluma ngolimi lwezimpawu," kusho uMia, ebamba isandla sikaRavi. "Ngizokufundisa ukuthi 'singabangani' ngolimi lwezimpawu. Yize ngifake insizakuzwa, ubaba wami ukhuluma ulimi lwezimpawu kuphela, ngakho ngiyalwazi lolu limi."



U-Asiphe ubaxoxela ngokufuya nokunakekela izilwane zasemakhaya. Yena unezinkukhu eziyishumi nantathu, izinja ezimbili, namakati amabili. Useyabatshela ukuthi kukhona indawo esemthethweni egcina izilwane zasekhaya ezinganakiwe.Ukhuthaza ukuthi bayihambele le ndawo ukuyobona nokucela abantu ukuthi banikele nokudla kwalezi zilwane ukuze ziphile. Waqhubeka wabatshela ukuthi lezi zilwane ziyadayiselwa umphakathi ngamanani aphansi uma befisa ukuzifuya nokuzinakekela. URavi akawavalanga umlomo ngosuku lwakhe oluhle kangaka nokufunda izinto ezintsha. Kwase kuyisikhathi sokubuyela emakhaya, abangani base bevalelisana nabazali sebefikile ukuzobalanda, ukuze kubuyelwe emakhaya kungakahlwi. Kwaba usuku uRavi ayengasoze alulibala empilweni yakhe.

## Imibuzo ngemuva kokulalela nokukhuluma

**1.** Yini eyayenza uRavi ahlale yedwa epaki?
**2.** Ngabe uSam nabangani bakhe bangabangani abanothando? Sekela impendulo yakho?
**3.** Kungani uRavi wayehamba ngezinduku? Wake wahamba ngezinduku? Kwakwenzenjani?
**4.** Ukuba wawunguRavi wawungakuthokozela yini ukuba nabangani? Yisho izizathu zakho.
**5.** Isiphi isifundo esihle osithola kule ndaba ngobungani?
**6. Ukubhala**
Bhala uhla lwezinto ezenza umuntu abe ngumngani weqiniso.

EXTRACT PAGES

# Siyanakekela

## Imibuzo ngaphambi kokulalela nokukhuluma

1. Mangaki amalunga omndeni wakini? Wabale.
2. Ubani ovamise ukunilungisela ukudla kwakusihlwa?



EXTRACT PAGES

Kudala emandulo, kwakukhona umphakathi wezilwane owawubumbene ngendlela emangalisayo. Njalo nje babekuqiniselisa ukubambana nokufundiswa kwezilwanyana ezisencane ngale ndawo nezinto eziyingxenye yokuthuthuka kwayo. Lo mphakathi wawuhlela izinsuku zokufunda ngamagugu nezifundo ngemvelaphi yabo ngesikhathi samaholidi okuvalwa kwezikole. USikhova noNogwaja yibo ababengamele lesi sikhungo, befundisa izilwanyana ngamagugu nezifundo ezibalulekile, beqinisekisa ukuthi izingane zithola ulwazi olujulile ngempilo yazo nezindlela zokuphila. Izifundo zazihlanganisa izinkolelo zabo, imikhuba, izimfundiso, nezinto eziwusizo empilweni yansuku zonke.

UNogwaja wayefundisa ngokubaluleka kokwenza nangezimpahla zokugqoka eziyikhethelo nokuthi zigqokwa kanjani, ebatshela ukuthi ukugqoka kuyahambisana futhi nokuziphatha kahle kwesilwane. Wayebatshela nokuthi iNkosi yezilwane uBhubesi uyakuthanda ukuthi izilwane ezihlala kuleli hlathi zihlale kahle ngokuthula nokuzwana futhi ukhuthathaza ukufunda njengoba naye wanezіqu zobudokotela. USikhova wayefundisa izilimi ezahlukene, eqinisekisa ukuthi izilwane ziyakwazi ukukhuluma lezi zilimi ezikhulunywa kule ndawo. Kwakunemincintiswano ababeba nayo ukukhuthaza izilwanyana ezincane ukuzofunda kule ndawo. Abaphumelele babethola emihle le imiklomelo abanye bephuma nezitifiketi.

EXTRACT PAGES



Izingane zazifunda indlela yokuhlala zihlanzekile. Zazikhuthazwa ukuthi kumele zigeze okungenani kabili ngosuku, zigcine nezindawo ezihlala kuzo zihlanzekile ngokuthi zicoshe amaphepha ziwalahle noma zigeze izandla uma kade zisendlini encane. Zazifundiswa nokuhlonipha ezinye ezilwane, ezindala nezincane, zihloniphe nasesikoleni. Kwakugcizelelwa ukuthi inhlonipho iwukhiye wempilo. Zazifundiswa ngezindlela zokugcina imvelo nokubaluleka kwayo ezimpilweni zazo, njengoba ukudla okuningi zazikuthola kuyona imvelo.



Izilwanyana zazikuthakasela njalo ukuya kule ndawo, ngoba zazazi ukuthi izifundo lezi ziba yingxenye yempilo yazo. Kwakuthi nje uma zivala izikole othisha bazitshele izilwanyana ukuthi njalo kumele ziyothamela lezi zifundo zokukhula nokuziphatha kwazo. Abazali nabo babelithokozela leli thuba ngoba abasenaso isikhathi esiningi nabantwana babo ngenxa yokusebenza kude nangenxa yokubuya sebekhathele.  Lezi zifundo zazigcina izingane zivikelekile zingabi wuvanzi emigwaqeni zingazi ukuthi zenzani. Nabo babekuthakasela ukuyofundiswa nokulolongwa kwezingane zabo.

EXTRACT PAGES

Kwakuthi njalo emva kwezinsuku zokufunda, izingane zibhale yonke into eziyifundile. Zazibhala izifundo ezibalulekile, zibuye zisebenzise amakhono eziwatholile kule ndawo, zabelane ngothando ngezinto ezintsha ezizifundile. Lokhu kwaba yindlela yokuhlola nokuqinisekisa ukuthi izifundo zifinyelela kahle futhi zizozisebenza nasempilweni yansuku zonke. Kuningi okunye okwakwenzeka. Zazifundiswa nokudlala imidlalo yakudala efana nomlabalaba, amagende kanye nengqathu, okwakusiza ezibalweni, ukucabanga ngokushesha kanye nokuvocavoca ngesikhathi zigxumagxuma ziya phezulu.

Izilwanyana zakhula sezazi ngemvelaphi yazo, amasiko nezifundo eziphathelene nempilo. Njengoba zikhula, zaziqonda kangcono izifundo zazo manje esikoleni. Le ndawo yayaziwa njengendawo enenhlonipho emangazayo. Izikole zakhona zazikhiqiza odokotela, onesi, othisha, nonjiniyela. Amanye amazwe nawo ayesethumela khona izilwanyana zawo ukuba zizuncela ulwazi kule ndawo eyisimanga.





EXTRACT PAGES

## Imibuzo ngemuva kokulalela nokukhuluma

1. Obani abebengamele isikhungo somphakathi wezilwane? Bebelandisa ngani?
2. Zazifundiswani izingane zakulesi sikhungo? Wena ukufundiswa kuphi lokhu?
3. Ngabe izilwanyana ziyakuthakasela yini ukuthola ulwazi? Ngobani?
4. Lesi sikhungo sezilwane ungasifanisa nasiphi isikhungo sokufunda? Sekela impendulo yakho.
5. Xoxela ohleli naye ukuthi uyakuthakasela yini ukuba sesikoleni ubeke izizathu.
6. **Ukubhala**

   Dweba isikole sakho.